IBHUKU LOKUKHUTHAZA UKUTHOLAKALA KOLWAZI

Lihlanganiswe ngokuhambisana neSigaba 14 soMthetho oKhuthaza ukuTholakala koLwazi 2000, (uMthetho 2 ka 2000)

UMASIPALA WASEMIDVAAL :IBHUKU LOKUKHUTHAZA UKUTHOLAKALAKOLWAZI

1. Incazelo yesakhiwo nemisebenzi:

1.1 Isakhiwo

UMasipala waseMidvaal wasungulwa ngemuva kancane koKhetho loMasipala mhlaka 5 Disemba 2000 kanti unempokophelo yokuqamba idolobha elibukekayo, eliqhamuka nokusha nelithuthukayo ngokuhlanganisa amadolobha alandelayo: Randvaal, De Deur/Walkerville, Vaal Marina neMeyerton.

Ezingeni lezombusazwe, Umasipala waseMidvaal unamakhansela angu 19 angu 5 kuwona enza ikomidi le Meya eliholwa yiMeya ephethe, Ukhansela Timothy Nast.

Ngokwezokuphatha, uMasipala waseMidvaal uholwa wuMphathi we Dolobha, uMnumzana Albert de Klerk, esizwa ngabaQondisi ama-Executive Directors be-**Corporate Services**, **Community Services**, **Engineering Services**, **Development & Planning**, **Protection Services**, **Management Services** ne-**Finance Department**

1.2. Imisebenzi

Amandla nemisebenzi kukaMasipala waseKurhuleni kulawulwa yimithetho ehlukene okubalwa kuyo:
UMthethosisekelo weRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika, 1996 (uMthetho 108 ka 1996);
UHulumeni weziNdawo: UMthetho weZakhiwo zoMasipala, 1998 (uMthetho 117 ka 1998);
UHulumeni weziNdawo: UMthetho wesiKhashana, 1993 (uMthetho 209 ka 1993);
UHulumeni weziNdawo: UMthetho weZinhlelo zoMasipala, 2000 (uMthetho 32 ka 2000);
UHulumeni weziNdawo: UMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomasipala, 2003 (uMthetho 56 ka 2003)
Eminye imiThetho ethinta ukubuswa kukaMasipala waseKurhuleni ibandakanya (uhla aluphelele):

- UMthetho weZinsiza zaManzi, 1997 (uMthetho 108 ka 1997);
- UMthetho kaZwelonke waManzi, 1998 (uMthetho 36 ka 1998);
- UMthetho wezoKhetho, 1998 (uMthetho 73 ka 1998);
- UMthetho wokuQhubekisa Izindaba zoHulumeni beziNdawo, 1983 (uMthetho 91 ka 1983)
- UMthetho wemiKhandlu yeziNsiza yeziFunda, 1985 (uMthetho 109 ka 1985)
- UMthetho weziNsiza zabaCimimlilo, 1987 (uMthetho 99 ka 1987)
- UMthetho kaGesi, 1987 (uMthetho 41 ka 1987);
- UMthetho kaZwelonke wezeMpilo, 2003 (uMthetho 61 ka 2003);
- UMthetho wezeMpilo nokuPhepha Emsebenzini, 1993 (uMthetho 85 ka 1993)
- UMthetho wezoBudlelwane naBasebenzi, 1995 (uMthetho 66 ka 1995);
- UMthetho wemiGomo Ebalulekile Yokuqasha, 1997 (uMthetho 75 ka 1997)
- UMthetho wezoBulungiswa kwezokuQasha, 1998 (uMthetho 55 ka 1998);
- UMthetho wokuThuthukiswa kwamaKhono, 1998 (uMthetho 97 ka 1998);
- UMthetho woMshwalensi wabaNgasebenzi, 2001 (uMthetho 63 ka 2001);
- UMthetho weziKhwama zeziMpesheni, 1956 (uMthetho 24 ka 1956);
- UMthetho wezeZindlu, 1997 (uMthetho 107 ka 1997);
- UMthetho Wokukhishwa Ngokungemthetho noKuhlala
- Ngokungemthetho Ezindaweni, 1998 (uMthetho 19 ka1998)
- UMthetho wokuSuswa kwemiKhawuko, 1967 (uMthetho 84 ka 1967)
- UMthetho wokuThatha Ngokusemthethweni, 1975 (uMthetho 63 ka 1975);
- UMthetho woMkhawuko weziNqubo zoMthetho
- (Omaziphathe beziFundazwe nabeziNdawo), 1970 (uMthetho 94 ka 1970)
- UMthetho wokuLamula, 1965 (uMthetho 42 ka 1965);
- UMthetho wokuHlolwa kwamaBhuku kaHulumeni, 2004 (uMthetho 25 ka 2004);
- UMthetho weMigwaqo kaZwelonke, 1996 (uMthetho 93 ka 1996)

Ngokwemigomo yemithetho ebalwe ngenhla amandla nemisebenzi kukaMasipala waseKurhuleni kuhlanganisa, phakathi kokunye:

(a) Ukuqinisekisa ukuhlelela intuthuko okuhlangene;
(b) Ukuhlinzekwa kwezinhlelo zamanzi ompompi;
(c) Ukuhlinzekwa kwemithamo emikhulukazi kagesi, okubandakanya ngezinhloso zaloku hlinzekwa, ukulethwa, ukusatshalaliswa nokukhiqizwa kukagesi;
(d) Ukuhlinzekwa kwemisebenzi emikhulu yokuphuculwa kwendle nezinhlelo ezinkulu zokulahlwa kwendle;
(e) Izindawo zokulahla imfucuza eqinile, ngendlela okuhlobene ngayo nokulandelayo:
    (i) ukusungulwa kwesu lokulahla imfucuza;
    (ii) ukulawulwa kokulahlwa kwemfucuza;
    (iii) ukusungulwa, ukusetshenziswa nokulawulwa kwezindawo zokulahla imfucuza, izindawo zokudlulisa imfucuza eyimithamo emikhulu kanye nezindawo zokulahla imfucuza zomasipala abangaphezu koyedwa esifundeni;

(f) Imigwaqo kamasipala eyenza ingxenye ehlangene nohlelo lwemigwaqo yokuthutha;
(g) Ukulungiswa kwezinsiza zokuthutha abagibeli;
(h) Ukuthuthukiswa kwezikhumulo zezindiza zoMasipala;
(i) Ukuhlinzekwa kwezinsiza zezempilo zoMasipala;
(j) Ukuhlinzekwa kwezinsiza zabacimimlilo, okubandakanya:
    (i) ukuhlela, ukuvumelanisa nokulungisa izinsiza zabacimimlilo;
    (ii) izinsiza zabacimimlilo ezigxilisiwe njengalezo zasezintabeni, zasemaqeleni nezemililo yamakhemikhali;
    (iii) ukuqondaniswa kokulinganiswa kwengqalasizinda, izinqola, imishini nezinqubo;
    (iv) ukuqeqeshwa kwezikhulu zabacimimlilo.

(k) Ukusungulwa, ukuphathwa nokulawulwa kwezimakethe zemikhiqizo efreshi namadele;
(l) Ukusungulwa, ukuphathwa nokulawulwa kwamathuna nezindawo zokushisa izidumbu;
(m) Ukuthuthukiswa kwezokuvakasha zendawo;
(n) Ukuhlinzekwa kwemisebenzi yomphakathi kaMasipala ehlobene nanoma yimiphi imisebenzi engenhla noma yimiphi eminye imisebenzi enikezwe umasipala;
(o) Ukwamukela, ukukhipha nokusabalalisa izimali ezinikezwa umasilapa
(p) Ukusungulwa nokuqoqwa kwezintela, izinhlawulo nezinkokhelo ezihlobene nemisebenzi engenhla noma ezifuneka ngokwemithetho kazwelonke;

2. Amakheli okuposa, izinombolo zocingo namaFax, namakheli ewebsite:

2.1 Ikheli lezakhiwo zeKomkhulu likaMasipala waseMidvaal

Corner Junius & Mitchell
Meyerton
1960

2.2 Ikheli Lokuposa

P.O Box 5
Meyerton
1960

2.3 Inombolo Yocingo: 016 360-7400

2.4 Inombolo ye Fax: 016 360-7519

2.5 Ikheli lewebsite: www.midvaal.gov.za

3. Incazelo yoMkhombandlela weSigaba 10

IKhomishani yamaLungelo eSintu isihlanganise uMkhombandlela ngokwemigomo yeSigaba 10 soMthetho wokuKhuthaza Ukutholakala koLwazi. Unemininingwane edingwa wumuntu ofisa ukusebenzisa noma yiliphi ilungelo, elihlaziywa wuMthetho wokuKhuthaza Ukutholakala koLwazi. Utholakala ngazo zonke izilimi ezisemthethweni. UMkhombandlela ungahlolwa, phakathi kwezinye izindawo, emahhovisi eKhomishani yamaLungelo eSintu ku 29 Princess of Wales Terrace, ekhoneni lika York no St Andrews Streets, Parktown kanye nakwiwebsite
yabo ethi www.sahrc.org.za.

4. Izihloko neziGaba zamarekhodi aqukethwe

4.1 UKWAZISWA JIKELELE MAYELANA NOMASIPALA WASEMIDVAAL

Inqubekela phambili jikelele ekuthuthukisweni kukaMasipala waseMidvaal.
Imithetho nezinhlawulo okwashaywa wuMasipala waseMidvaal nabangaphambi kwawo.

Izinqubomgomo.
Amarekhodi ahlobene namakhastoma.
Imibiko ngamaphrojekthi ayisibopho emphakathini.
Ukuhlelwa Kwentuthuko Okuhlangene.

4.2 ULWAZI OKUFANELE LUCELWE NGOKUSEMTHETHWENI NGOKWEMIGOMO YOMTHETHO LUHLANGANISA:

- Amadokhumenti Anemithetho;
- Amarekhodi Ezimali;
- Imibiko yonyaka yezezimali;
- Imibiko ngokuphatha;
- Amasheke abuyisiwe;
- Imithombo Yezabasebenzi;
- Izincwadi Zokuhola;
- Amarekhodi Amalivu Abasebenzi;
- AmaReturns eUIF;
- Amaphepha angeziNqubomgomo nemiGomo kokuqashwa;
- Amaphepha anezindaba zokuqondiswa kwezigwegwe;
- Umthombo wemininingwane yabathole usizo kubandakanya kodwa kungagcini ngabahlali, amakhastoma, nabanye;
- Izivumelwano ezihlukene ezenziwe wuMasipala waseKurhuleni namaqembu esithathu;
- Amaphepha amayelana namaThenda nokuqondene nalokho Amaminithi oMkhandlu kaMasipala waseKurhuleni namakomidi namakomidana ehlukene angaphansi kwawo;
- Ukuxhumana kwangaphakathi;
- Izinqubomgomo neziNqubo zangaphakathi;
- Amarekhodi atholakala kumaqembu esithathu agcinwe wuMasipala waseKurhuleni.

5. Isaziso Sakamuva ngokweMigomo yeSigaba 15

Asikho isaziso esishicilelwe mayelana nezigaba zamarekhodi ezitholakala ngokuzenzekela ngaphandle kokuwacela ngokwemigomo yoMthetho wokuHlinzeka ukuThola koLwazi. Izigaba zamarekhodi ezitholakala ngaphandle kokucelwa zikwiwebsiteka Masipala waseMidvaal futhi zitholakala ngokuxhumana nesiKhungo

sokuSiza Amakhastoma esifanele.

6. Izinsiza Ezitholakalayo

UMasipala waseMidvaal unezinsiza ezilandelayo ezitholakala kumalungu omphakathi kanti kungabuzwa eziKhungwezi zokuSiza Amakhastoma ukuthi zitholakala kanjani lezi nsiza:

IzinsizazeziNgqalasizinda:

- Ugesi
- Amanzi neNhlanzeko
- Imfucuza Eqinile

Imigwaqo, Ukuthutha neMisebenzi Yabantu:

- Amanzi Ezikhukhula
- Ukuthuthwa Komphakathi
- Ukuphathwa Kwezinqola Eziningi
- Imisebenzi Yabantu

Izinsiza Zomphakathi:

- Ezempilo nokuThuthukiswa Komphakathi
- Ukuphepha Komphakathi
- Ezezindlu
- Ezemidlalo, Ukungcebeleka, Amasiko nobuCiko

Izinsiza Zokuphathwa Kwezinkampani:

- Ezezimali
- Imithombo Yezabasebenzi;
- Ubuchwepheshe Bezokwazisa
- Ezezinkampani nezoMthetho

Izinsiza Zokuthuthukiswa Kwedolobha:

- Intuthuko Kwezomnotho
- Ukuhlelwa Kwentuthuko
- Ezemvelo nokuVakasha
- Ukuhlelwa Kwentuthuko Okuhlangene.

7. Indlela Yokucela

7.1 Ukutholakala kolwazi okungazenzekeli kuzocelwa ngendlela elandelayo:

- Ukugcwalisa iFomu A eyalelwe (“ifomu yesicelo”) uHlelo 1
- Ukukhokha imali eyalelwe ngokusho kuka koHlelo 2 olulapho.
- Ifomu eyalelwe kufanele igcwaliswe imininingwane eyenele ukuze isikhulu solwazi sikwazi ukuthola imininingwane elandelayo:·
- Amarekhodi adingwa yilowo ocelayo;
- Igama loCelayo noma umenzeli wocelayo (uma ekhona);
- Yinhloboni yokutholakala okudingekayo, uma isicelo sivunywa;
- Inombolo yocingo, ikheli lokuposa noma inombolo yefax yocelayo;
- Indlela ocelayo afuna ukwaziswa ngayo ngesinqumo sesiKhulu soLwazi.
- Isikhundla salowo owenza isicelo uma senziwa egameni lomunye.

7.2 Ocelayo kufanele asho ukuthi ulwazi ludingeka ngenhloso yokusebenzisa noma yokuvikela ilungelo, futhi acacise ukuthi yiliphi ilungelo elizosetshenziswa noma elizovikelwa. Ngaphezu kwalokho, ocelayo kufanele acacise kahle ukuthi kungani lidingeka irekhodi ukuze asebenzise noma avikele lelo lungelo.

7.3 Emva kokuba Isikhulu soLwazi sesisenzile isinqumo ngesicelo, ocelile kufanele aziswe ngaleso sinqumo ngendlela abecele ukwaziswa ngayo.

7.4 Ocelayo kufanele asho ukuthi ngabe isicelo esekhophi yerekhodi noma ufuna ukuhlola lawo marekhodi emahhovisi kaMASIPALA WASEMIDVAALI.

7.5 Ukutholakala kolwazi olushiwo kuzogunyazwa kuphela kocelayo ngendlela eceliwe, ngaphandle uma leyo ndlela izophazamisa ngokungafanele ukuqhubeka komsebenzi kaMASIPALA WASEMIDVAAL noma ilimaze irekhodi lakhe noma yephule ilungelo lakhe lokushicilela.

7.6 Uma ngezizathu ezizwakalayo ukutholakala ngeke kunikezwe ngendlela eceliwe kodwa ngenye indlela, inkokhelo yokutholakala izobalwa ilinganiswe nendlela eceliwe.

7.7 Uma ocelile engakwazi ukufunda noma ukubhala, noma uma enokukhubazeka, angenza isicelo ngomlomo, bese isiKhulu soLwazi sigcwalisa ifomu egameni locelayo bese sinika ocelayo leyo fomu.

7.8 UMASIPALA WASEMIDVAALI uzosisebenza leso sicelo ngaphambi kwezinsuku eziwu 30, ngaphandle uma isicelo sinemininingwane edinga ukuba sandiswe isikhathi ngaphezu kuka 30 wezinsuku.

7.9 Uma kudingeka sandiswe isikhathi esiwu 30 wezinsuku, ocelayo uzokwaziswa, futhi achazelwe ukuthi kungani sandiswa isikhathi.

IMININGWANE YOKUXHUMANA NEZIKHULU ZOLWAZI/AMASEKELA AZO

ISIKHULU SOLWAZI

Igama : Mnuz Albert De Klerk
Isikhundla : Umphathi Dolobha
Ikheli le email : janetta@midvaal.gov.za
Inombolo Yocingo: : (016) 360-7400
Inombolo ye Fax: : (016) 360-7519

ISEKELA LESIKHULU SOLWAZI

Isikhundla : Umqondisi oPhethe: Izinsiza zokuPhatha nezoMthetho
Ikheli le email : sanetn@midvaal.gov.za

Inombolo Yocingo: : (016) 360-7408
Inombolo ye Fax: : (016) 360-7519

UHLELO 1

Isicelo sokuthola irekhodi lohlaka lukahulumeni

ISigaba 18(1) somthetho okhuthaza ukutholakala kolwazi iPromotion of Access to Information Act 2000, (uMthetho 2 ka 2000)
[Isilungiso 6]

INGXENYE YOMNYANGO
Inombolo yokulandela: _____

Isicelo samukelwe ngu _____

(yisho isikhundla, igama nesibongo kwesikhulu solwazi/isekela lesikhulu solwazi) mhlaka_____. (usuku) e_____(indawo).

Inkokhelo yesicelo R……..

(uma ikhona): R……..

Idiphozi (uma ikhona) R……..

Inkokhelo yokuthola:

_____

ISIGNESHAYESIKHULU SOLWAZI/ISEKELA LESIKHULU SOLWAZI

A. Imininingwane yohlaka lukahulumeni
Isikhulu soLwazi/Isekela lesiKhulu soLwazi:

_____
_____

B. Imininingwane yalowo ocela ukuthola irekhodi

(a) Imininingwane yomuntu ocela ukuthola irekhodi kufanele inikezwe ngezansi.
(b) Ikheli kanye/noma inombolo yefax eRiphabhuliki okufanele kuthunyelwe kuko ulwazi, kumele kunikezwe.
(c) Ubufakazi besikhundla sowenza isicelo, uma kufanele, makufakwe.

Amagama agcwele nezibongo: _____
_____
Inombolo kamazisi: _____
Ikheli Lokuposa _____
…….InomboloyeFax:_____

Inombolo Yocingo: ……Ikhelile email_____

Isikhundla salowo owenza isicelo, uma senziwa egameni lomunye: _____
_____

C. Imininingwane yomuntu esenziwa egameni lakhe isicelo

Le ngxenye kufanele igcwaliswe KUPHELA uma isicelo solwazi senziwa egameni lomunye.

Amagama agcwele nesibongo:
_____
_____
Inombolo kamazisi:
_____

D. Imininingwane yerekhodi

(a) Yisho imininingwane egcwele yerekhodi elicelwayo, kubandakanya nenombolo yokulandela uma uyazi, ukuze litholakale kalula irekhodi.

(b Uma isikhala esihlinzekiwe singeneli, ucelwa ukuba uqhubeke kwelinye ikhasi bese ulixhuma kule fomu.

Ocelayo kufanele awasayine wonke amakhasi engeziwe.

1 Incazelo yerekhodi noma ingxenye edingekayo yerekhodi:
_____
_____

2 Inombolo yokulandela, uma ikhona:
_____

3 Noma yimiphi eminye imininingwane yerekhodi:
_____
_____

E. Izinkokhelo

*(a) Isicelo sokuthola irekhodi, ngaphandle kwerekhodi elinemininingwane ngawe, sizosetshenzwa kuphela emva kokuba sekukhokhwe **imali yesicelo**.*
(b) Uyokwaziswa ukuthi malini yesicelo okufanele ikhokhwe.
*(c) **Imali yokuthola** irekhodi incike kwindlela elizotholakala ngayo kanye nesikhathi esilingene ukulicinga nokulilungisa irekhodi.*
(d) Uma unegunya lokungayikhokhi imali edingekayo, ucelwa ukuba usho isizathu salelo gunya.
Isizathu sokungayikhokhi imali edingekayo: _____

F. Indlela yokuthola irekhodi

Uma, ngenxa yokukhubazeka, ungeke ukwazi ukufunda, ukubuka noma ukulalela irekhodi ngendlela ehlinzekiwe ku 1 kuyaku 4 ngezansi, yisho ukukhubazeka kwakho kanye nendlela elidingeka ngayo irekhodi.

Ukukhubazeka: _____ Indlela irekhodi elidingeka ngayo: _____
_____

maka ibhokisi elifanele ngo X.
AMANOTHI:

(a) Ukufeza isicelo sakho sokuthola irekhodi ngendlela eceliwe kungancika kwindlela irekhodi elitholakala ngayo.
(b) Ukutholakala kwerekhodi ngendlela eceliwe kunganqatshwa ngaphansi kwezimo ezithile. Uma kunjalo uyokwaziswa ukuthi ukutholakala kwerekhodi kuzogunyazwa ngenye indlela.
(c) Imali ekhokhelwa ukuthola irekhodi, uma ikhona, izonqunywa nayindlela yokutholakala eceliwe.

1 Uma irekhodi kuzoba elibhaliwe noma eliphrintiwe: _____

Ikhophi yerekhodi* Ukuhlolwa kwerekhodi

2 Uma irekhodi liyizithombe(lokhu kubandakanya izithombe, amaslides, okuqoshwe ngevidiyo, izithombe ezenziwe ngekhompyutha, imidwebo, nokunye):

Buka izithombe Kopisha izithombe* Ikhophi yezithombe*

3. Uma irekhodi kungamagama aqoshiwe noma ulwazi olungenziwa umsindo:

Lalela umsindo (ikhasethi elilalelwayo) Ikhophi yomsindo* (idokhumenti ebhaliwe noma ephrintiwe)

4. Uma irekhodi likukhompyutha noma lingendlela yeelekthronikhi noma efundeka ngomshini:

Ikhophi yerekhodi ephrintiwe* Ikhophi ephrintiwe yolwazi oluthathwe kwirekhodi* Ikhophi yendlela efundeka ngekhompyutha*(istiffynoma compact disc)

Uma ucele ikhophi yokuthathwe kwirekhodi (ngenhla), ngabe ufisa ukuba ikhophi noma okuthathiwe uposelwe kona? YEBO CHA

Uzokhokha imali yokuposa

Qaphela ukuthi uma irekhodi lingatholakali ngolimi olukhethile, ungahle ulithole ngolimi elitholakala ngalo.

Ufisa ukulithola ngaluphi ulimi irekhodi? _____

G. Isaziso sesinqumo mayelana nesicelo

Uyobhalelwa waziswe ukuthi isicelo sakho sivunyiwe/sinqatshiwe. Uma ufisa ukwaziswa ngenye indlela, ucelwa ukuba usho leyo ndlela bese usho nemininingwane efanele ezokwenza kufezeke isicelo sakho.

Ngabe ukhetha ukwaziswa kanjani ngesinqumo esimayelana nesicelo sakho sokuthola irekhodi?

_____

_____

Isayinwe e.....mhlaka..... enyangeni.....20.....

_____

ISIGNESHA YOCELILE/YOMUNTU ISICELOESENZIWA EGAMENI LAKHE

INKOMBA YEZINKOKHELO EZINQUNYIWE

UHLELO 2

INGXENYE 11 YESAZISO 187 KWIGAZETHI KAHULUMENI MHLAKA 15 FEBHRUWARI 2002
IZINKOKHELO EZIQONDENE NEZINHLAKA ZOMPHAKATHI

		R
1.	Inkokhelo yekhophi yebhuku njengokwesilungiso 5 (c) wu ifothokhophi yekhasi eliwu A4 noma ingxenye yayo.	R0.60
2.	Izinkokhelo zokwenzelwa okushiwo kwisilungiso 7(1) yilezi ezilandelayo:	0,60
	(a) Ngayinye ifothokhophi yekhasi eliwu A4 noma ingxenye yalo	
	(b) Ngayinye ikhophi ephrintiwe yekhasi eliwu A4 noma ingxenye yalo elikukhompyutha noma ngendlela eyielekthronikhi noma efundeka ngomshini	0,40
	(c) Ngayinye ikhophi eyindlela efundeka ngomshini istiffy	5,00
	discicompact disc	40,00
	(d) (i) Ngokufana nse kwemifanekiso ebukwayo, ngekhasi eliwu A4 noma ingxenye yalo	22,00
	(ii) Ngekhophi yemifanekiso ebukwayo	60,00
	(e) (i) Ngokufana nse kwerekhodi elilalelwayo, ngekhasi eliwu A4 noma ingxenye yalo	12,00
	(ii) Ngekhophi yerekhodi elilalelwayo	17,00
3.	Imali yokucela ekhokhwa yibo bonke abacelayo, ngaphandle kocela okuqondene naye, okushiwo kusilungiso 7 (2) wu R35.00.	
4.	Imali yokuthola irekhodi ekhokhwa ocelayo okushiwo kusilungiso 7 (3) yilena elandelayo:	
	(1) (a) Ngayinye ifothokhophi yekhasi eliwu A4 noma	0,60
	(b) Ngayinye ikhophi ephrintiwe yekhasi eliwu A4 noma ingxenye yalo elikukhompyutha noma ngendlela eyielekthronikhi noma efundeka ngomshini	0,40
	(c) Ngayinye ikhophi eyindlela efundeka ngomshini	
	(i) istiffy disc	5,00
	(ii) icompact disc	40,00
	(d) (i) Ngokufana nse kwemifanekiso ebukwayo, ngekhasi eliwu A4 noma ingxenye yalo	22,00
	(iii) Ngekhophi yemifanekiso ebukwayo	60,00
	(e) (i) Ngokufana nse kwerekhodi elilalelwayo, ngekhasi eliwu A4 noma ingxenye yalo	12,00
	(ii) Ngekhophi yerekhodi elilalelwayo	17,00
	(f) Ukucinga nokulungisela ukudalula irekhodi, R15.00 ngalinye ihora noma ingxenye yalo, singalibali elokuqala ihora, okuyisikhathi esidingeka ngalo msebenzi.	

(2) Ngezinhloso zesigaba 22(2) soMthetho, kuzosebenza okulandelayo:
(a) Amahora ayisithupha okufanele aphele ngaphambi kokuba kukhokhwe idiphozi; kanye
(b) ingxenye eyodwa kwezintathu yemali yokuthola ikhokhwa wocelayo Njengediphozi

(3) Imali yokuposa ikhokhwa ngesikhathi sekufanele ikhophi yerekhodi iposelwe ocelile.

Umthombo wemininingwane AmaGazethi kaHulumeni
Inomb. yeGazethi 28107
Inomb. yeSaziso 991
Inomb. yeGazethi eyiSilungiso 8325
IGazethi UHUL
Usuku 20051014

Isaziso sikaHulumeni

UMNYANGO WEZOBULUNGISWA NOKUTHUTHUKISWA KOMTHETHOSISEKELO

No. R. 991 14 Okthoba 2005

UMTHETHO WOKUKHUTHAZA UKUTHOLAKALA KOLWAZI, 2000 OKUKHISHIWE NEZINQUMO NGOKWEZINHLOSO ZESIGABA 22(8)

Mina, uBrigitte Sylvia Mabandla, uNgqongqoshe wezoBulungiswa nokuThuthukiswa koMthethosisekelo, ngokugunyazwa yisigaba 22(8) soMthetho wokuKhuthaza Ukutholakala Kolwazi, 2000 (uMthetho onguNomb. 2 ka 2000) ngalokhu-

(a) ngiyabakhulula abantu abalandelayo ekukhokheni imali yokuthola amarekhodi efuneka kusigaba 22(6) soMthetho:
(i) Umuntu ongashadile oholo lakhe lonyaka, ngemva kokubanjwa kwezimali okuvunyelwe okushiwo oHlelweni lwale saziso, lingaphansi kuka R 14 712, 00; kanye
(ii) nabantu abashadile noma umuntu kanye nophathina wakhe oholo labo lonyaka, ngemva kokubanjwa kwezimali okuvunyelwe okushiwo oHlelweni lwale saziso, lingaphansi kuka R 27 192, 00; kanti futhi
(b) nginquma ukuthi-
(i) uma izindleko zokuqoqa imali efuneka kusigaba 22 soMthetho, zingaphezu kwemali ebiziwe, leyo mali ngeke ikhokhwe;
(ii) inkokhelo yokuthola irekhodi efuneka kusigaba 22(6) soMthetho ayisebenzi uma kuyirekhodi locelayo siqu; futhi
(iii) inkokhelo yesicelo efuneka kusigaba 22(1) soMthetho nenkokhelo yokuthola efuneka kusigaba 22(6) soMthetho ayisebenzi kwirekhodi elicelwa yisikhulu sezondlo noma umphenyi ngezondlo ngezinhloso zophenyo lwesondlo ngokwemigomo yoMthetho weZondlo, 1998 (uMthetho onguNomb. 99 ka 1998) noma izilungiso ezenziwe ngaphansi kwesigaba 44 salowo Mthetho.

UHLELO

1. Ngezinhloso zesigatshana (a)(i) no (ii) sesaziso, kuvunyelwe ukubanjwa kwezimali okulandelayo:

(a) Intela yabasebenzi ngokwemigomo yesigatshana 2 seNgxenye ll yoHlelo lweSine loMthetho weNtela, 1962 (uMthetho onguNomb. 58 ka 1962);
(b) izinkokhelo ngokwemigomo yesigaba 5 soMthetho weZinkokhelo zoMshwalensi waBangasebenzi (UIF), 2002 (uMthetho onguNomb. 4 ka 2002);
(c) izinkokhelo eziphoqelekile zesiKhwama seQembu soMshuwalensi (Group Insurance Fund) ngokwemigomo yomyalelo wenkantolo noma yesivumelwano phakathi komqashi nabasebenzi;
(d) izinkokhelo zanoma yiluphi uhlelo lwezokwelashwa olubhaliswe ngaphansi kwezimiso zoMthetho weziNhlelo Zokwelashwa, 1998 (uMthetho onguNomb. 131 ka 1998), nezivunyelwe ukuba

zibanjwe ngokwemigomo yesigaba 18(1) (a) seIncome Tax Act, 1962 (uMthetho ongu 58 ka 1962);

(e) izinkokhelo zezikhwama zempesheni ngokwemigomo yesigaba 13A soMthetho weziKhwama zeziMpesheni, 1956 (uMthetho 24 ka 1956);

(f) izinkokhelo zerenti noma zebhondi kuze kufike ku R12 000,00 ngonyaka;

(g) isondlo esikhokhwa ngokwemigomo yomyalelo wenkantolo; kanye

(h) nemali yesikole, ngaphandle kwaleyo ekhokhwa esikoleni sangasese

B.S. MABANDLA, IL LEPH
uNgqongqoshe wezoBulungiswa nokuThuthukiswa koMthethosisekelo